# Okuqukethwe

## Ithemu-1

**Umbhalo Woku-1:**
Mina nomndeni wami omusha...1
**Umbhalo Wesi-2: Iqoqo lamaculo nemilolozelo**
Sidlani? . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 5
Ngizwani? . . . . . . . . . . . . . . . . . . 6
Mina . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 7
Ikati lami . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 8
**Umbhalo Wesi-3:**
Amalungelo ami . . . . . . . . . . . . . 9
**Umbhalo Wesi-4:**
UMankukhu nomndeni wakhe..13
**Umbhalo Wesi-5:**
Kumnandi ukuxoxa . . . . . . . . . . . 17

## Ithemu-2

**Umbhalo Wesi-6:**
Ukubonana kwabangani. . . . . . 21
**Umbhalo Wesi-7:**
UMama uDube uvakashela esikoleni.. . . . . . . . . . . . . . . . . 25
**Umbhalo Wesi-8: Iqoqo Lezinkondlo**
Uthisha . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 29
Uthisha udela ikhaya lakhe. . . . 30
Ubani ongamsiza? . . . . . . . . . . 31
Kuyini ukwazi? . . . . . . . . . . . . . 32
Mngani, kuyini ukwazi? . . . . . . 33
**Umbhalo Wesi-9:**
Umfundi namalungelo . . . . . . . .34
**Umbhalo We-10:**
Ubungani obungesibo . . . . . . . 38

## Ithemu-3

**Umbhalo We-11:**
Ukudla okunempilo . . . . . . . . . 42
**Umbhalo We-12:**
Ibhubesi nenkawu . . . . . . . . . . .48
**Umbhalo We-13:**
Sizani! . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . .53
**Umbhalo We-14: Iqoqo lezi zinkondlo namaculo**
Izingane zesikole . . . . . . . . . . . 57
Ngiyabonga Mdali . . . . . . . . . . . .58
Nampaya omame . . . . . . . . . . . 59
Ngivuka ekuseni . . . . . . . . . . . . .60
Ukugeza izandla . . . . . . . . . . . . 61
Izibongo zamanzi . . . . . . . . . . . .62
**Umbhalo We-15:**
Masizinakekele . . . . . . . . . . . . . 63

## Ithemu-4

**Umbhalo We-16: Iqoqo Lezinkondlo**
Ukuvocavoca umzimba . . . . . . . . . . 69
UNomavila . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 70
Izibongo zikaGamthilini . . . . . . . . . 71
Izibongo zokudla. . . . . . . . . . . . . . . 72
Isiphepho esinamandla . . . . . . . . . 73
Izibongo zemvula. . . . . . . . . . . . . . 74
**Umbhalo We-17:**
Ubuqili bebhubesi. . . . . . . . . . . . . . .75
**Umbhalo We-18:**
Ukubaluleka kwamanzi . . . . . . . . . .82
**Umbhalo We-19:**
Izinhlekelele zemvelo . . . . . . . . . . . 89
**Umbhalo Wama-20:**
Abangani abahle. . . . . . . . . . . . . . . . .96

EXTRACT PAGES

# Mina nomndeni wami omusha

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Ake nisho izinhlobo zezilwane ezifuywe emakhaya.
2. Isho igama lenja yasekhaya nombala wayo.
3. Chaza ukuthi niyinakekela kanjani inja ekhaya.

Mina nginguBhobhi. Oseceleni kwami uGwajo. Sihlala nabanikazi bethu eMagade. Ngineminyaka eyisihlanu ubudala. Kodwa sengineminyaka emibili ngafika kulo mndeni wami omusha. Mina ngangingowesithathu ezinjeni zakithi. Bengihlala nomama kodwa ubaba ngingamazi. Benginobhuti ababili nosisi abathathu, kodwa sasiwa emakhaya ahlukene. Anginaso isizungu ngoba ukhona uGwajo. Abanikazi bami bangikhetha ngoba bethi bathanda amabala ami. Ngifunda esikoleni sakwamakhelwane. Uma sekuyisikhathi sokuyofunda, umama uBhova ukhonkotha kabili athi: "Wufu wufu" kube sengiyazi-ke ukuthi sekusukile, liyaqala ikilasi.

EXTRACT PAGES



Kumnandi lapha ekhaya. Ngiyanakekelwa, njalo ngithola ukudla, amanzi kanye nothando. Ngize nginyakazise umsila ngibonga uthando. “Gwajo, wena bakuphethe kanjani?” kubuza uBhobhi. “Uthi ebuya nje u-Akhona angilule izinyawo; uyangivumela ukuthi ngihlale kuyena esifubeni.” Bayaxoxa laba bangani. “Uyakhumbula sisaxabana uma ngikubiza, ubaleke uye kocasha!” kubabaza uBhobhi. “Izwi lakho liyathusa, kanti ubumane uthi thushu ungithuse. Kodwa sesingabangani abakhulu!”



EXTRACT PAGES

“Uyakhumbula mhla ngilandela u-Akhona eya esikoleni? Ha ha ha! Ngatotoba nganyonyoba, ngicothoza ngivikana nezimoto. Wathi jeqe emuva sesikude nohambo. Wasaba ukungiphindisela emuva. Wangifaka kubhakha. Wavula uziphu kancane ukuze ngiphefumule. Wangena ekilasini, wafunda. Wayengaqedi; mina ngase ngikhathele ukuhlala kubhakha, ngamane ngasho ngengila. Bathuka bonke ekilasini. Kwase kuphoqa ukuthi angikhiphe; kwamele avule ubhakha. Ngaba indaba egudwini, wonke umuntu engipotoza. Babodwa abangidonsa ngamadlebe, abanye badonsa umsila. Habe! Ngizobaluma!

Ngathuka, ngazisonga senginovalo ngoba sekunesiphithiphithi bonke beza kanyekanye. Abanye bafuna ukuhamba nami. Uthisha ka-Akhona wabe esembiza phambili. Wezwakala esethi: “Awungitshele Akhona, uwuyisaphi umdlwane esikoleni?” Ngase ngilokhu ngibabuka nje bexoxa mina ngijabulele uhambo lokuza esikoleni sika-Akhona. Wamchazela isimo, uthisha wakhe wayenobubele ngoba wathi akangibeke ekhejini lapho ngizothola khona umoya hhayi ubumnyama. Kwaba usuku olumnandi ngivakashe esikoleni. Kumele ngimlandele uma eseya esitolo ngokulandelayo.”



EXTRACT PAGES



EXTRACT PAGES

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Ubani igama lenja exoxa udaba lwayo?
2. Babebangaki kubo kaBhobhi? Nibangaki ekhaya kini?
3. Kungani bakhetha uBhobhi phakathi kwezinja eziningi?
4. Wawungenzenjani uma inja yakini ikulandela ize ifike esikoleni?
5. Xoxela umngani wakho ukuthi uyinakekela kanjani inja yakho.
6. **Ukubhala**
   Dweba inja yakho ufake umbala ofanele.

# Iqoqo lamaculo nemilolozelo

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Ake nisho imilolozelo eniyaziyo.
2. Niyayithanda yini imilolozelo? Ishoni ukuthi niyithandelani?


EXTRACT PAGES

## Sidlani?

Ekhaya kuseMnambithi,
Siphek' isinambathi,
Sidl' isinambathi,
Sisuth' isinambathi
Simnand' isinambathi,
Ngithand' isinambathi.

Wophek' isinambathi,
Ugoqoz' isinambathi,
Udl' isinambathi,
Usuth' isinambathi
Simnand' isinambathi,
Ngithand' isinambathi.

Phekan' isinambathi,
Phakan' isinambathi,
Yidlan' isinambathi,
Suthan' isinambathi,
Simnand' isinambathi,
Ngithand' isinambathi.





## Ngizwani?

Mina ngizwa imvula
Ngizwa imvula
Ngabe uyayizwa na?
Xha! Xha! Xha!
Ngabe uyayizwa na?

Mina ngizwa umoya
Ngizwa umoya
Ngabe uyawuzwa na?
Shwi…shwi…shwi
Ngabe uyawuzwa na?

Mina ngizwa ukuduma
Ngizwa ukuduma
Ngabe uyakuzwa na?
Du... du… du  Qhu! Qhu!
Ngabe uyakuzwa na?

EXTRACT PAGES

## Mina

Mina ngimuhle,
ngimuhle,
Ngiwuphuma langa
sikothe,
Ngiwuphuma langa
sikothe
Ukwenza kwami  konke
kuhle,
Ngiwuphuma langa
sikothe,
Ngiwuphuma langa
sikothe.

Mina ngimuhle,
ngimuhle
Ngiwuphuma langa
sikothe,
Ngihlanzekile mina,
Ngihlanzekile mina,
Ngiwuphuma langa
sikothe,
Ngiwuphuma langa
sikothe.

Mina ngimuhle,
ngimuhle,
Ngiwuphuma langa
sikothe.
Umoya wami muhle,
Konke okwami kuhle.
Ngiwuphuma  langa
sikothe,
Ngiwuphuma langa
sikothe.



EXTRACT PAGES

## Ikati lami

Ngiyakuthanda Mangobe wami,
Ngiyakuthanda kati lami.
Ngikuthanda uma usunyawuza,
Nyawu! Nyawu! Nyawu!
Ngiyakuthanda Mangobe wami.

Ngiyakuthanda Mangobe wami
Unamandla okubamba
amagundane
Uyisilwane esihlakaniphile
ngokumangazayo.
Nyawu! Nyawu! Nyawu!
Ngiyakuthanda Mangobe wami.

Ngiyakuthanda Mangobe wami,
Izinyoni uyazicuthela uzibambe,
Uyisilwane esihlakaniphile
ngokumangazayo
Nyawu! Nyawu! Nyawu!
Ngiyakuthanda Mangobe wami.

Ngiyakuthanda Mangobe wami,
Ngisho izinyoka awuzibheki
uyazibulala
Uyisilwane esihlakaniphile
ngokumangazayo,
Nyawu! Nyawu! Nyawu
Ngiyakuthanda Mangobe wami.

EXTRACT PAGES

### Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Ake usho amagama amabili aphindaphindekile ekuqaleni komusho womlolozelo.
2. Kusho ukuthini ukuthi: Ngimuhle ngiwuphuma langa sikothe?
3. Kungani intombazane ithi yinhle yona?
4. Iziphi izinto ezinhle ezichaza wena?
5. **Ukubhala**

   Masibhale: Sika izingalo nemilenze ukunamathisele endaweni efanele. Faka umbala esithombeni. Ukhumbule ukudweba ubuso. Bayalele bavule ikhasi lesi-5 Incwadi yokusebenzela yakwa-DBE.

# Amalungelo ami

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Ake ningichazele ukuthi niyasiza yini emakhaya ukuhlanza izindlu? Kungani nikwenza lokhu?
2. Ubani ongachaza igama elithi amalungelo? Bala amalungelo abantwana owaziyo?

Kusekilasini leBanga lokuqala, bonke abafundi bakhona ekilasini. Bonke bahle bagezile. Uthisha wabo uMemu Memela umile phambi kwekilasi, uyafundisa. Bonke abafundi babheke uthisha, akekho odlalayo noma okhulumayo. “Namuhla sizofunda ngamalungelo eninawo kanye nezinto okumele nizenze ningabantwana. Yize nibancane kodwa kukhona okufanele nikwenze.”



EXTRACT PAGES

“Kungani unekhaya, ugqoke izingubo ezifanele futhi uhambe udlile ekuseni?” kubuza uthisha kubafundi. “Ingoba sinabazali bethu abasithandayo,” kuphendula uMakabongwe. “Uma ungenaye umzali ubani okwenzelayo?” kuqhuba uthisha. “Mina ukhona ugogo wami nomkhulu wami, bayangithengela zonke izinto engizidingayo,” kuphendula u-Amanda. “Kuhle kakhulu lokho, ningabantwana kufanele ninakekelwe,” kusho uthisha.

Namuhla ngithanda sikhulume ngamalungelo esinawo singabantwana. Yini amalungelo? Indlela okufanele niphathwe ngayo emakhaya, esikoleni nasemphakathini. Amalungelo ahambisana nezibopho-ke bantabami. Yini izibopho? Ilokho okufanele kwenziwe ngabantwana.

Ilungelo lakho nje lokuqala elokuba negama, njengalokhu sonke sinawo amagama ethu, esibizwa ngawo. Akekho umntwana okufanele abizwe ngegama elimphoxayo. Nawe ngokunjalo awubabizi abanye ngamagama ayindelelo. Kufanele nihloniphane, nibizane ngamagama enu.

EXTRACT PAGES






Uyaqhubeka uthisha nesifundo sakhe, nabafundi babukeka belangazelele ukuzwa amalungelo abanawo, nokufanele bakwenze.
Ninelungelo lokuthandwa nokuvikeleka emakhaya, nani-ke ningabantwana kufanele nikhombise uthando kubantu abadala, ogogo nomkhulu.
Ninelungelo lokuhlala endaweni ehlanzekile, ikhaya elihlanzekile. Nani nibophezelekile ukuthi niwagcine amakhaya ehlanzekile. Yini okufanele niyenze ukugcina amakhaya ehlanzekile? Kubuza uthisha. Sicosha amaphepha, sibeke izinto ezindaweni zazo, kuphendula u-Anami.
Ninelungelo lokuthi nidle, ningalambi. Okwenu, akufanele nichithe ukudla, noma nikuyeke kuze kubole.
Kulilungelo lenu ukuba sesikoleni. Yini esisuke sizoyenza esikoleni noma sisuke sizovakasha? "Siyafunda, sihloniphe othisha kanye, nabanye abafundi," kuphendula u-Enzokuhle. "Yebo kunjalo Enzokuhle," kusho uthisha.
Uma ugula kulilungelo lakho ukuyiswa emtholampilo. Wena okufanele ukwenze ukuzivikela ezintweni ezingakubangela ukugula. Njengokugqoka ijezi uma kubanda, ungadlali emaxhaphozini.

EXTRACT PAGES

Sinelungelo lokungahlukunyezwa. Kufanele sibike ukuhlukumezeka okwenzakalayo. Ubikela umuntu omethembayo, okungaba umzali noma uthisha wakho. Umthetho awuvumi ukuthi ingane ihambe iyosebenza ukuze kudliwe ekhaya. Nivikelekile nakulokho, ningabantwana. Siyaqhubeka isifundo, uthisha usebabuza imibuzo ngakho konke abekufundisa, ufuna ukubona ukuthi bebelalele. "Ake ningitshele bantwana bami amalungelo enu eniwafunde namuhla, niphinde ningitshele okufanele nikwenze nani ningabantwana," kusho uthisha. Bayakusho abantwana konke abakufundile namuhla.

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Kuchazwe kwathiwa yini amalungelo kanye nezibopho endabeni obuyilalele?
2. Isho amalungelo amabili kanye nezibopho zakhona ozizwile.
3. Phendula uthi Kulungile noma Akulungile bese usho isizathu sempendulo yakho.
   a) Igama lomngani wami uNobuhle kodwa simbiza ngokuthi uMcondo.
   b) Ngiyawenza umsebenzi kathisha wasekhaya.
   c) Uma ngiqeda ukudla ngibeka isitsha sami esinkini.
4. **Ukubhala**

   Faka uphawu ✓ noma ✗ ukukhombisa okuhle nokubi

| | |
|---|---|
| Ilungelo | |
| Ngisiza umama ukugeza izitsha. | |
| Angikuthandi ukudla izithelo nemifino. | |
| Angilifaki ijezi uma kumakhaza. | |
| Ngivuka ekuseni ngendlule umbhede wami. | |

EXTRACT PAGES

# UMankukhu nomndeni wakhe

## Imibuzo ngaphambi kokulalela nokukhuluma

1. Mangaki amalunga omndeni wakini? Wabale.
2. Ubani ovamise ukunilungisela ukudla kwakusihlwa?
3. Iziphi izinto enivamise ukuzenza njengomndeni ngaphambi kwesidlo sakusihlwa nangemuva kwaso?

Kuntambama umndeni kaMankukhu usuqoqene endlini. UMankukhu ulungisela abantwana bakhe ukudla kwakusihlwa. Usebagezile bahlezi embhedeni babuka umabonakude. Kufudumele, bathokomele. Bahle abantwana, bamibalabala. Bayisihlanu sebebonke. Bathe njo kumabonakude, babukela opopayi. Bayagigitheka uma kukhona abakubonayo okuhlekisayo.



EXTRACT PAGES

Kuthe kusekuhle kunjalo, kwezwakala ukungqongqoza emnyango. “Ubani lowo?” kubuza uMankukhu. “Yimina umhlobo wakho, vula ngingene,” kusho izwi ngaphandle. “Umhlobo wami ongubani, sekuntambama kangaka?” Kubuza yena uMankukhu. “Ngi… ngi… ngiwuChakijana, ngivulele bo ngingene ngafa indlala,” liyaqhubeka izwi ngaphandle. “Uyiqili kabi wena Chakijana, ufuna ukuzodla abantwana bami. Angeke ngikuvulele hamba la.” “Lutho, mhlobo wami, ngizobadlalisa nje kuphela bese ngiyahamba.” Sekuphendula uChakijana. UMankukhu uyawabona amaqhinga kaChakijana, ofuna ukuzodla abantwana bakhe. Akayingeni eyokuvula umnyango. Nabantwana bakaMankukhu bathukile, sebeyasaba.



EXTRACT PAGES

UChakijana uyaqhubeka nokungqongqoza uyamemeza phambi komnyango kaMankukhu. Uthe esamemeza kanjalo ebanga umsindo, kwezwa uBhova umakhelwane kaMankukhu. Bayezwana kakhulu oMankukhu nomakhelwane wakhe uBhova.  Uyamemeza uBhova eza kwaMankukhu, "Kwenzenjani Mankukhu, ubani lowo obanga umsindo lapho kwakho?"

Aphendule uMankukhu, "UChakijana ufuna ukuzodla abantwana bami." "Ngiyeza njengamanje lapho, wufu...  wufu... wufu," kukhonkotha uBhova. Baphuma bonke omakhelwane bakaMankukhu bezovimbezela uChakijana. Kukhona uBhova, uMakatshana noNgulubana.

Bathe befika egcekeni likaMankukhu bephethe izinduku, wabe esebalekile uChakijana. Basale sebezixoxela omakhelwane khona egcekeni kwaMankukhu, ngesimo sezigebengu esezidlangile emphakathini wabo. Uthi uBhova lapha kwakhe ezinsukwini kuke kwafika impisi.

EXTRACT PAGES



Yawakha wonke amawolintshi akhe esihlahleni. Uthe eqambe ezwa ukuthi kukhona ogangayo egcekeni, yabe isibaleka. Wayijaha impisi, yawaqathaza wonke amawolintshi ebisiwakhile. Yabaleka yayongena ehlathini. "Yini okumele siyenze singomakhelwane ukuze sinqande lobubugebengu obungaka?" Kubuza uNgulubana. Uyaphendula uMakatshana uthi, "Kuzofanele sithenge izimpempe, Pe…Pe… Pe... sihlabe umkhosi, uma kukhona esingakuboni kahle emakhaya ethu. Sesiyophuma-ke sonke, sisibambe isigebengu bese sibikela amaphoyisa." "Umbono omuhle lowo makhelwane. Sizokwenzenjalo," kugcizelela uBhova. "Nihambe kahle bomakhelwane bami," kuvalelisa uMankukhu, engena endlini.

Washweba kanjalo uChakijana. Ngokubambisana komakhelwane behla nobugebengu.

EXTRACT PAGES

## Imibuzo ngemuva kokulalela nokukhuluma

1. Mangaki amalunga omndeni kaMankukhu. Bachaze ukuthi bahle kanjani.
2. Ngenkathi kungqongqoza umuntu benzenjani abantwana bakaMankukhu? Wena wawungenzenjani ukuba wawuyibo?
3. Obani abasiza umndeni kaMankukhu? Babasiza kanjani?
4. Ngabe omakhelwane bakaMankukhu bangabantu abahle yini? Sekela impendulo yakho.
5. Ake usixoxele ngesigameko esenzeka ekhaya sakwethusa. Nasizwa obani kuleso sigameko?
6. **Ukubhala**
   Dweba amalunga omndeni wakho.